ISOLEZWE NGESONTO
07 Oct 2012, p.18




**UMCULI kamasikandi osemncane uMqondisi Ndlovu ongazimisele ukudidwa wudumo bese eyeka imfundo** **Isithombe:THOKOZANI NDLOVU**

# Ubeka imfundo phambili umaskandi osemncane

**THOKOZANI NDLOVU**
thokozani.ndlovu@inl.co.za

UMCULI kamasikandi osemncane wenze okwehlukile kwabanye ngokusheba umculo nemfundo okuyinto engajwayelekile kubaculi abaningi.

Kujwayelekile ukuthi abaculi bagxile emculweni bangabe besakunaka ukuya esikoleni nokuthi uma sebephelelwe ngushatini bagcine sebedla imbuya ngothi.

UMqondisi Ndlovu (18) odabuka eNtshamanzi, eMkhomazi uthi uqale eseneminyaka engu-11 ukuba semculweni kodwa akakaze aphazamiseke nakancane ekufundeni. Ngaleso sikhathi wayesasinela amaPoni wagcina esewashayela isigingci. Kumanje useDurban University of Technology lapho enza khona unyaka wokuqala kwezobuntatheli.

Lo mculi ukhiphe i-albhamu yakhe yokuqala nyakenye ethi, *New love* edidiyelwe yiHhashi Elimhlophe.

"Yize ngiqale ngisemncane ukuba semculweni kodwa angikaze ngiphazamiseke nakancane. Ukuvela kwami ohlelweni lomculo wesintu kuthelevishini i-*Root* ngisinela amaPoni kwenza abantu bazitshele ukuthi ngimosha isikhathi ngokulokhu ngiya esikoleni. Mina ngabatshela ukuthi ngiyakwazi engikwenzayo yingakho ngingakuyekanga ukufunda," kusho uMqondisi.

Uthi ngisho nabangani bakhe bebembuza ukuthi ufunani esikoleni ngoba unekhono elingaka angaphila ngalo.

Uqhuba ngokuthi nangesikhathi iHhashi Elimhlophe limtshela ukuthi usengayikhipha eyakhe i-albhamu akavumanga ngesikhathi limtshela ngenxa yokuthi ubezibona esemncane engakakulungeli ukuba se-studio.

Lo mculi uphinde akhombise ukuba nekhono elikhulu njengoba ezishayela nesigingci nokwagqugquzela iHhashi Elimhlophe njengoba belimcela ukuthi akhiphe i-albhamu yize ebesemncane.

Uthe i-albhamu yakhe yesibili ethi *Valentine* uzoyikhipha ngonyaka ozayo ngosuku lweValentine uqobo. Elandelayo kuzoba yi*True Love*. Lo masikanda uthi ufuna ukuxoxa indaba ngama-albhamu akhe njengoba ethi wonke azogxila othandweni.

Ukushaya isiginci uthi ukufundiswe ngumalume wakhe uMbuzeni Mkhize kanti inkositini uyishayelwa nguyise uBonelakhe Ndlovu ophinde agidele iHhashi.